

Gwema Abangane Ababi!

Iziyalezo: Yenza lesi sivivinyo endaweni ethule. Njengoba ufunda imiBhalo, zibone ngeso lengqondo uhilelekile kuleso senzakalo. Sibone ngeso lengqondo. Yizwa amazwi. Zizwe ngendlela abalingiswa abazizwa ngayo. Yenza le ndaba iphile.

Abalingiswa abasemqoka: UDina, uShekemi, uJakobe, uSimeyoni noLevi

Indaba efingqiwe: UDina woniwa uShekemi, futhi abafowabo abathukuthele bafuna ukuziphindiselela.

1 HLAZIYA ISIGCAWU.—FUNDA UGENESISE 34:1-31.

Ucabanga ukuthi yiziphi izinto okungenzeka uDina wayezenza nabangane bakhe baseKhanani? _____

Ucabanga ukuthi uShekemi wayethini kuDina njengoba 'ayelokhu ekhuluma naye ngendlela ethonyayo'? _____

Yimiphi imizwelo oyizwa ezwini likaJakobe njengoba ethethisa uSimeyoni noLevi evesini 30? _____

2 CWANINGISISA.

Ucabanga ukuthi kungani uDina ayevame ukuvakashela amadodakazi aseKhanani? (Ngokwesibonelo, yini okungenzeka wayefana ngayo nawo? Yini lena okungenzeka wayithola kubantu baseKhanani ayengenakuyithola ekhaya?) _____

Yiziphi izimfanelo ezinhle okungenzeka uDina wazibona kuShekemi? (*Phinde ufunde amavesi 3, 12, no-19.*) _____

IBhayibheli likuveza kanjani ukuthi uDina waye-
ngafuni ukulala noShekemi? (*Phinde ufunde ive-
si 2.*)

Ucabanga ukuthi kwakulungile ukuba uSimeyo-
ni noLevi baphindisele ngokubulala izakhamuzi
zomuzi wakubo kaShekemi? Kungani uphendu-
la kanjalo?

**3 SEBENZISA OKUFUNDILE. BHALA LOKHO
OKUFUNDILE MAYELANA . . .**

Nesidingo sokukhetha abangane ngokuhlakani-
pha. _____

Nesidingo sokuzithiba ngisho noma unesizathu
sokuthukuthela. _____

INDLELA WENA OTHINTEKA NGAYO.

Yiziphi izinto ongazenza ukuze ugweme uku-
xhashazwa ngokocansi abantu abangenandaba
nemithetho kaNkulunkulu yokuziphatha? _____

**4 YINI EKHULABE UMXHWELE KAKHULU
NGALOKHU KULANDISA, FUTHI NGANI?**

